## IMIGUDU YOKUFAKA IZIKHALAZO

Uma unganelisekile ngosizo onikezwe lona noma olunikwe osondelene nawe esibhedlela. Sicela ulandele lemigudu yangaphakathi yokufaka izikhalazo.

**1:** Yazisa umphathi oqondendene nalowo mnyango.

**2:** Uma engakusizanga, yazisa umxhumanisi womphakathi nesibhedlela Mr. SE Buthelezi- 035 901 7122

**3:** Uma ungasizakalanga kuyena, sicela wazise umphathi wesibhedlela

Dr. B.S Madlala

**4:** Uma ungasizakalanga , yazisa obhekelele izikhalazo zomnyango wezempilo kukulenamba 033 395 25

Ungaletha ezinye izikhalazo ezibhaliwe noma izincomo ngokuzifaka emabhokisini emibono atholakala ngaphakathi esibhedlela abekwe kuyoyoke iminyango ngaphakathi.




## "Our Patients, Our Priority"

health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# NGWELEZANA TERTIARY HOSPITAL

# INCWAJANA YOLWAZI





**Idilesi lase posini: Private bag X2002; Empangeni;3880**
**Idilesi lendawo: Thanduyise Road**
**Tel: 035 901 7000 Fax: 035 794 1684**
**www.kznhealth.gov.za**

## ISIBHEDLELA SASE NGWELEZANA

Isibhedlela sase Ngwelezana sinemibhede engamakhulu amane namashumi amane (515) le imibhede esebenzayo. Inikeza izinsiza zesibhedlela ezikulezi zigaba ezilandelayo (District, Regional and Tertiary) kumphakathi wezifunda zase Uthungulu, Umkhanyakude ne Zululand.

**IZIKHATHI ZOKUNGENA 12H00-13H00 18h30-19h30**

**Abathathu kuphela abavunyelwe ukubona isiguli ngesikhathi esigunyaziwe.**

**Izingane ezinimenyaka engaphansi kweshumi nambili (12) azivumelekile ukuvakashela abalalisiwe**




## EMINYE IMININININGWANE OKUMELE UYAZI

- Ukubhema, utshwala, nezinye izidakamizwa akuvunyelwe ngaphakathi esibhedlela. Uma utholakala ukuphethe uzoshushiswa.
- Asingalahli udoti phansi, yenza isiqiniseko sokuthi usebenzisa imiqgomo ekhona ebekwe ngaphakathi esibhedlela sonke ngazozonke izikhathi.
- Uma ungena esibhedlela, uwena okumele wenze isiqiniseko sokuthi uphephisa impahla yakho, isibhedlela angeke sibenecala ekulimaleni kwempahla yakho.
- Siyawahlonipha amalungelo akho, ngokunjalo abasebenzi banamalungelo bayadinga ukuhlonishwa.
- Uma unanoma iyiphi inkinga sicela uthinte abasebenzi balawomnyango, uma uzwa sengathi awusizakalanga yazisa umphathi walowo mnyango.
- Uyacelwa ukuthi uhloniphe impahla yesibhedlela ngazozonke izikhathi.
- Ungathathi noma ungantshontshi impahla yesibhedlela. Imigudu yobulungiswa izolandelwa kwabenzenjalo.

## UKUTHOLA IMIQULU EGCINIWE YESIBHEDLELA

**Ngokulotshwe kwi Information manual in terms of The Promotion of Access To Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000)**

**Ukuthola ulwazi olubalulekile ngemiqulu egciniwe esibhedlela kungenzeka, uma ufaka isicelo ehhovisi likamphathi wesibhedlela.**

**Isicelo fanele sibhalwe phansi silethwe kusetshenjiswa lemininingwane elandelayo**

***Email:*** **CeoSecretary.Ngwelezana@kznhealth.gov.za**

***Fax***

**035 794 1883**

**Mayelana nolwazi olungeziwe, thintana nehhovisi lomphathi sibhedlela kule nombolo 035 901 7105**

## INJONGO, UMGOMOWETHU, IZIMO EZIBALULEKILE.

### INJONGO YETHU

Isikhungo sezempilo esiletha usizo olungambi eqolo nanezinsiza zezempilo eziseqophelweni eliphakeme uku-thuthukisa izinsiza eziphakeme zesifunda sesine

### UMGOMO WETHU

Ukunikeza usizo lwezempilo olungambi eqolo, lube lusezingeni eliphakeme lokuphepha futhi lufinyelele kubobonke abahlali besfunda sesine,ngokuqasha abasebenzi abaqeqeshelwe lowo msebenzi ngokuba nendawo elungele ukuthuthukisa abantu nokuvula amathuba ocwaningo

### IZIMO EZIBALULEKILE (I – CARE)

Ukuzisungulela

Ukuba nozwelo/ukukhuthaza ekufundeni

Ukubamba iqhaza

Ukuhlonipha

Ukuhleleka

### ISIQUBULO

*“Iziguli zethu sizibeka phambili.”*

## YINI OKUMELE UYIPHATHE UMA UZE ESIBHEDLELA?

Uyacelwa ukuba uphathe lezizinto ezilandelayo uma uvakashele noma uzofuna usizo esibhedlela:

1. Umazisi
2. Ikhadi lempesheni/ikhadi lesondlo sengane/Ikhadi lesondlo uma uphila ngesibonelelo semali yokugula .
3. ikhadi lakho lokusizakala ngokwezempilo (Medical Aid card)
4. Imali yokukhokhela izinsiza.
5. Ikheli lasekhaya, nekheli lendawo ohlala kuyo.
6. Imininingwane yosondelene nawe.
7. Inamba yakho yocingo
8. Uma ungasebenzi, Phatha incwadi esuka eMyango Wezabasebenzi ekhomba ukuba kawusebenzi.








## IZIBOPHO ZEZIGULI

**Sonke isiguli kumbe loyo osebenzisa izikhungo sezempilo unalezizibopho:**

- **Ukuchazela abasebenzi bezempilo ngezifiso zakhe mayelana nokufa kwakhe.**

*Ukulandela imigudu ebekiwe yokwelashwa.*

- **Ukubuza ngemali elindeleke ukuba ikhokhelwe ukwelashwa nokuthi izokhokhwa kanjani.**

*Ukunakekela amafayela awanikeziwe mayelana nempilo yakhe.*

- **Ukunakekela impilo yakhe.**

*Ukubhekela nokuvikela imvelo.*

- **Ukuhlonipha amalungelo ezinye iziguli kanye**

**nabasebenzi bezempilo.**

*Ukusebenzisa izinsiza zezempilo ngendlela efanele eqikelelayo nengahlaphazi.*

- **Ukuba nolwazi ngezinsiza zezempilo endaweni umuntu aphila kuyo nokuthi zinikezani.**

*Ukunikeza abasebenzi bezempilo ulwazi olufanele ukuze kube nesiqiniseko sokuthi usizo umuntu alutholayo yilona lona.*

# USOMQULU WAMALUNGELO EZIGULI

**Noma isiphi siguli sinelungelo:**

**Lempilo engcono nendawo**

**Evikelekile.**

**Ekuthathweni kwezinqumo.**

**Ukuthola usizo lwezempilo.**

**Ukuba nolwazi ngempilo yaso.**

**Ukuba nomshwalense noma**

**ukuxhaswa ngosizo lokwelashwa.**

**Ukungadalulwa kolwazi ngaso.**

**Ukuzikhethela usizo lwezempilo.**


**Ukwelashwa yilabo abafake omazisi.**

**Ukwenqaba Ukwelashwa**

**Ukukhalaza ngezinhlelo zezempilo.**

**Ukuqhubeka nokwelashwa.**

**Umbono wesibili**



# UKUKHOKHELA IZINSIZA

**Ulwazi ohlangothini lwezimali**

Izikweletu zasesibhedlela zikhokhwa ngemali esesandleni noma ikhadi lokusizakala ngokwezempilo (Medical Aid). Incwadi yezezimali etholakala njalo ngonyaka, iyona enikeza isibhedlela umhlahlandlela ngezikweletu nokuqoqwa kwemali. Ukusebenza kwama Medical Aid Schemes ukuqoqa imali nakho kuyasetshenziswa. Isibhedlela asinayo imishini yoku ayina amakhadi (credit card).

**Wonke umuntu kudingeka akhokhele izinsiza: Abantu abalindelwe ukuthi bengakhokhi ilabalandelayo:**

1. Abahola impesheni yabadala
2. Abahola isondlo sezingane
3. Amasosha omzabalazo
4. Abahola Imali yezintandane
5. Abeze ngezinkinga zesifo sofuba
6. Abaze ngezinkinga eziphathelene nobuchopho
7. Uma uzolanda noma iyiphi imiphumela esibhedlela.
8. Abantu abangasebenzi: Sidinga isiqinisekiso esiphuma emnyangweni wezemisebenzi KwaZulu Natal; leso siqiniseko siyosebenza izinyanga eziyisithupha kuphela.



*Kufanele ulethe ubufakazi bokuthi ungena kulezizigaba ezibhalwe ngenhla*

## IZINSIZA EZITHOLAKALA EMTHOLAMPILO

Eminye imitholampilo kumele ubhalise ngaphambi kokuthi uze kuwona. Sicela ufonele umnyango oqondene noma etafuleni lakutholwa khona ulwazi kulenombo 035 901 7274.

| No. | Name of clinic | Day of the week | Booked/ unbooked |
|---|---|---|---|
| 01 | FMD | Monday-fridays | Booked |
| 02 | Burns Services | Mon ,Wed, Thurs & Fri | Booked |
| 03 | Cardiac | Fridays | Booked |
| 04 | Chemotherapy - not first visits | Tuesday & wednsday | Booked |
| 05 | Diabetes management | Tuesdays | Booked |
| 06 | ENT | Tues, Wed & friday | Booked |
| 07 | Hand Clinic & Club Foot | Friday | Booked |
| 08 | HAST | Monday to Friday | Unbooked |
| 09 | Hypertension | Mondays | Booked |
| 10 | MOPD | Mon & Fridays | Booked |
| 11 | Orthopedics | Mondays to fridays | Booked |
| 12 | Renal | Thursdays | Booked |
| 13 | SOPD | Monday to Thursday. | Booked |
| 14 | Urology | Tues,wed &Thursday | Booked |



## IMININININGWANE YABAPHATHI BASESIBHEDLELA

| IGAMA KANYE NESIKHUNDLA | IMININININGWANE |
|---|---|
| **DR BS MADLALA**<br>**CHIEF EXECUTIVE OFFICER** | ceosecretary.ngwelezana@kznhealth.gov.za/<br>Bright.madlala@kznhealth.gov.za<br>035 901 7105/7257 |
| **DR. R.S MOEKETSI**<br>**MEDICAL MANAGER** | Rampane.moeketsi@kznhealth.gov.za<br>035 901 7273/7260 |
| **MR MP ZUNGU**<br>**HUMAN RESOURCES MANAGER** | Phiwayinkosi.zungu@kznhealth.gov.za<br>035 901 7042 |
| **MR O KUNDA**<br>**ACTING NURSING MANAGER** | lwandle.gama@kznhealth.gov.za<br>Owsard.kunda@kznhealth.gov.za<br>035 901 7047/7258 |
| **MR PZ ZULU**<br>**SYSTEMS MANAGER** | Zakhele.zulu@kznhealth.gov.za<br>035 901 7039 |
| **MR. TV NXUMALO**<br>**FINANCE MANAGER** | Thulasizwe.nxumalo@kznhealth.gov.za<br>035 901 7043 |

# IZINSIZA EZITHOLAKALA ESIBHEDLELA SASE NGWELEZANA

**ALLIED HEALTH SERVICES**

- Physiotherapy
- Occupational Therapy
- Clinical Psychology
- Dietitians
- Speech Therapy & Audiology
- Social Work Services
- Diagnostic and Imaging Services
- Pharmacy
- Dental

**MEDICAL SERVICES**

- General Surgery
- Ophthalmology and Burns
- Internal Medicine
- Family Medicine
- Emergency Medicine
- Orthopedics
- Psychiatry
- Critical Care
- Anesthetics
- Radiology (MRI & CT-Scan)



## UKUSIZAKALA KWABANTWANA

SICELA UQAPHELE LOKHU OKULANDELAYO

Izingane ezigulayo ezingaphansi kweminyaka ewu 12 sezibonelwa esibhedlela I Queen Nandi Regional Hospital **USIZOLWABANTWANA OLUSELE ENGWELEZANA**

1. Izingane ezigulayo ezingaphezu kweminyaka ewu 12
2. Izingane ezishile emzimbeni, ezizohlinzwa, ezinenkinga kumathambo (yonke iminyaka) isibonelo abalimele emzimbeni, abanezilonda ezivulekile, abashile, abaphuke amathambo njalo njalo.

**OKULANDELAYO IZINSIZA ZEZIGABA ZOBUCHWEPHESHE BEZINGA LESITHATHU EZITHOLAKALA ESIBHEDLELA:**

- Hepatobilliary Surgery
- Colorectal Surgery
- Vascular Surgery
- Renal Dialysis
- Intensive Care Unit
- Clinical Hematology
- CAT Scan & MRI
- Orthopedic Complex

**IZINSIZA EZINTSHA**

- Urology
- Ear Nose and Throat
- Maxillo-Facial & Oncology